




Emandulo kwakukhona amantombazanyana amabili ayeyizintandane, amagama awo kungo Nana no Nanana. Babehlala endaweni ewugwadule. Kulendawo lalomisile kungekho ngisho izitshalo ukuthi badle. Babehamba ibanga elide uma beyofuna ukudla

UNana wayethobile, ezithulela futhi eyintombazanyana ewusizo. Kodwa uNanana wayeziqhenya, engalaleli izeluleko. Wayengenandaba nabanye abantu.





Bavuka ekuseni ngenye imini kungekho lutho abazoludla. Kwakufanele bedlile, ngakho ke baphuma bahamba ngezindlela ezahlukene ukuyofuna ukudla.



Kwakukhona isalukazi igama laso kungu Nobuntu. Lesalukazi sasidume ngokubusisa abantu babe izigwili. Kodwa uNobuntu wayenesifo sochoko. Wonke umzimba wakhe wawugcwele izilonda.

Endleleni uNanana wahlangana nalesosalukazi, sathi," kunjani mzukulu wami? Uvelaphi? Uyakuphi?"





Wayiphendula yonke imibuzo. Khona manjalo isalukazi sathi, ngifukule ungihambise emzini wami ngizokutshela ukuthi ungenzeleni uma sesifikile. uNanana wakhombisa ukungahloniphi esalukazini.

Waphendula wathi,” Ngincama nokufa kunokuthi ngithinte lezilonda zakho ezinyanyekayo.”Sazithululela isalukazi samfisela uhambo oluhle.





UNanana wahamba waze wafika endaweni esabekayo engajwayelekile. Kuleyondawo kwakukhona amasongololo, izinyoka,amacimbi nazozonke izinambuzane ongazicabanga. UNanana wayesekhathele futhi engenamandla ngoba kwase kuyizinsuku eziningi engadli. Wathi uma ehlala phansi zamthelekela izilwanyazana zamudla.



Kuyona leyondlela uNana naye wahlangana naleso salukazi. Kodwa yena wajabula uma ehlangana noNobuntu ngoba kwabe kungumuntu wokuqala ukuhlangana naye ohambeni lwakhe olunzima. Ngokunjalo isalukazi sambuza imibuzo efanayo naleyo esayibuza udadewabo uNanana.

UNana yena wavuma ukufukula uNobuntu amhambise kwakhe. " Wenze lokho abaningi abahlulekayo ukukwenza," kusho isalukazi. Khona manjalo isalukazi samnika induku samtshela ukuthi akabuyele ekhaya, lapho eyofika kukhona zonke izinto azifisayo.



UNana wajabula kakhulu wabonga esalukazini, wagijima eqonde ekhaya. Wafika kubo sekunezindlu ezinhle ezintsha ezinakhokonke okuhle ongakucabanga nokudla okuningi. Waphenduka isicebi endaweni.



Noma eseyisicebi akakhohlwanga udadewabo uNanana , wamkhumbula ngokuthi amzilele. Wayecabanga ethi, “Uma ungalaleli izeluleko zabantu abadala ugcina emlonyeni wendlovu.”

